ISIQEPHU A

IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO ------Umhleli D.B.Z. Ntuli

WAKUBONA WAKUBELETHA

1. Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.

Mhlawumbe lokhu kwabe kuyindlela uNkulunkulu abe ehlola ngayo ubuqotho bokukholwa kwakhe. Uma uCele ayemphathe kahle ngenkathi esemi kahle, yini eyabe ingadala ukuba yena angamkhombisi ukubonga ekugcineni?

UZulu wabuza kuSonhlalakahle ukuthi kanti uhlelo lukaHulumeni lokungcwaba izimpabanga luhamba lugcine kuphi. USonhlalakahle wathi uHulumeni uye acele abangcwabi angcwabe ebese yena ekhokha lezo zindleko, kodwa manje abangcwabi baye bakhale ngokuthi imali abaye baxhaswe ngayo uHulumeni iye ibe ngencane kakhulu kunalezo abavamise ukuzinquma uma bengcwaba njengokwejwayelekile. Kungakho nje kuye kutholakale abantu sebengcwatshwe ndawonye emgodini owodwa.

USonhlalakahle wethembisa ukuthi yona imali uHulumeni aye ahlangabezane ngayo nomngcwabo ayiyimbi kakhulu. OkaMageba wabuza kuMaKhumalo ukuthi uthini, wathi naye akazi. Kwafika izwi ngaphakathi kuyena uZulu elathi makavume ukuthwala umngcwabo engazi ukuthi uyothini lapho sekuqhamuka abomndeni kaCele emva kwesikhathi bezomfuna kuyena.

"Uma-ke nivuma ukungcwaba uCele nina bakoMageba, kuzodingeka ukuba kube negodi elisemangcwabeni anezinombolo zikaMasipala ukuze kwaziswe amaphoyisa, kuthi nezihlobo zakhe zimthole kalula uma kwenzeka zigcina sezifuna iliba lakhe."

"Kunganjani-ke emangcwabeni aseZinkawini kuWiggins Road Mnumzane Mbonambi?" kubuza uZulu.

"Inkinga kayikho uma nje sizokwazi ukuthi ungcwatshwe kuphi. Sizokuya emaphoyiseni-ke ukuze uthole izincwadi ezifanele nezikunikeza igunya lesidumbu," kusho uSonhlalakahle ethatha amaphepha akhe ebhala, eqhubeka ethi: "Kuyothi ungaqeda-ke ukumngcwaba ulethe zonke izincwadi zezindleko zakho njengezemoto ethwale isidumbu, ibhokisi, ukudla, amakhaza kanye nokuqashwa kwamabhasi uma kukhona. Thina lokho sesiyokwedlulisela eminyangweni efanele yakwaHulumeni ukuze unxephezelwe."

Baphuma emahhovisi kuduma amakhanda bengakhulumisani abakwaMageba.

Sebebhalisile nasesiteshini samaphoyisa bayithola imvume yesidumbu. Inkinga yaba sekutholeni izindleko zabangcwabi. Bazama kubangcwabi abambalwa eThekwini kodwa besho izimali eziqhuma phezulu.

Kulapho-ke uMaKhumalo aphinde wamthethisa kakhulu futhi uZulu ethi

1.1 Ubani lo okhuluma ngoNkulunkulu lapha kulesi siqephu. (1)

1.2 Ubani loZulu okhuluma noSonhlalakahle la? (1)

1.3 Bakuphi oZulu noSonhlalakahle? (1)

1.4 Olwani lolu daba oluxoxwa uZulu noSonhlalakahle la? (2)

1.5 UZulu waze kanjani ukuthi kufanele eze kule ndawo akuyo manje? (2)

1.6 Udweshu lwangaphakathi luqondene nobani kule ndaba. Bhala uchaze ngamaphuzu AMABILI ukuthi yini embangela lolo dweshu lowo mlingiswa. (3)

1.7 Kwenzekani ezihlotsheni zikaCele njengoba sekumele angwcatshwe uZulu? (2)

1.8 UZulu uzoyithola kanjani imali yakhe uma kwenzeka emngcwaba uCele. Bhala imigomo EMITHATHU okufanele ayilandele ukuze ayithole. (3)

1.9 Imaphi amangcwaba aseThekwini angawasebenzisa uZulu ukungcwaba uCele. (1)

1.10 Wawuzokwenzenjani wena ukuba wawunguZulu ngale ndaba kaCele? [18]

## INCWADI YEZITHANDANI

2. Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE noma NJENGOBA UYALELWE.

Kwathi kusenjalo kwaphuma imoto yomLungu eyabe ishayelwa ngumesisi owambona maqede wema wambuza ukuthi ngase kube ungumngane kaRhoda yini. UJosephine wavumela phezulu ngoba lokho kwamnikeza ulwazi lokuthi kanti igama likazakwabo nguRhoda. Impela wabona ukuthi idlozi lakhe likhona ngoba lo mLungu waqhubeka wathi uzwile uRhoda esho ethi uzoba nezivakashi namhlanje, ngakho-ke uJosephine naye makangene. UJosephine waphendula ngokuthi ukhona naye abesamlindele, uzongena. Umesisi washaya imoto wayophuma ngesango, kude kude eyosithela ngomgwaqo uJosephine naye aqhamuke ngawo.

UJosephine wabona lingekho elinye ithuba lokungena ngaphandle kwalo lona leli umLungu esehambile ukuze angabikho ozolamula noma ozobiza amaphoyisa ngenkathi naye esenza lo msebenzi wakhe wokuhlakaza isidleke sikaNgobese.

Wangena ngaphakathi emzini womLungu. Wathi qalaqala wayibona indlwana okufanele ukuba uhlala kuyo uRhoda encikene negalaji lapho kuhlala khona imoto. Wanwabuka wajikela ngasefasiteleni lale ndlwana wezwa ukuthi ngempela likhona izwi likaNgobese lapha phakathi kanye nalo wesifazane. Wezwa nalapho owesifazane esho ethi: "Kuzofanele sisheshe sihambe-ke nathi ukuze sibone konke okwenzekayo. Angeke simlindele lapha ngoba vele uthe siyomfica khona. Nami angizukuthatha isikhathi eside ngigeza, ngizokusula umzimba nje."

Wezwa amanzi ekhala ngaphakathi kule ndlwana wayesebona ukuthi isiyageza intokazi. Wezwa igazi lishisa wabona lingekho elinye ithuba lokuhlasela ngaphandle kwalo lona lelo ngenkathi intokazi igeza, isesemanzini.

Wakhumula izibuko zakhe wazifaka esikhwameni, wayesekhipha isiqwayi sakhe sompentshisi. Waqonda esicabheni wathola ukuthi asikhiyiwe, waye wayogalakadela phakathi. Wedlula egxathazela kuNgobese owabe ehlezi phezu kombhede efunda iphephabhuku elidala elinezithombe zabantu besifazane abanqunu waye wayodudula isicabha sendlu yokugezela naso esabe singakhiyiwe, wamfica uRhoda enqunu wasithela isiqwayi. UNgobese naye wasizwa ngukuthi uyindoda kanti futhi welusa. Wagcina ngokumbamba izingalo umkakhe uJosephine yize noma ayedlubulundela ethi makamyeke.

Ngale nkathi uRhoda wayesopha ekhaleni, ekhala, ememeza ebuza ukuthi kodwa ushaywa nje wenzeni, nokuthi ubani vena lona omshayayo.

2.1 Iphuma kuphi le moto okuthiwa yaphuma? (1)

2.2 Ubani lo Rhoda okukhulunywa ngaye la? (1)

2.3 Yini eyenza uJosephine ambize ngozakwabo uRhoda? (1)

2.4 UJosephine uhlobene kanjani noNgobese akhuluma ngaye? (1)

2.5 Uchaza ukuthini uJosephine uma ethi indawo aya kuyo uyohlakaza isidleke sikaNgobese? (2)

2.6 Ubani abazomfica phambili oRhoda noNgobese? (1)

2.7 Bhala amagama alandelayo ngesiZulu esijwayelekile.

2.7.1 Ukugalakadela (2)

2.7.2 Ukudlubulundela (2)

2.8 Bhala uchaze ukuthi umlobi usisebenzise kahle yini isizinda mayelana nesikhathi kule ndaba. UNGADLULI emaphuzwini emithathu. (3)

2.9 Umlobi umveze njengomlingiswa onjani uJosephine? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Isihloko sale ndaba siyahambelani yini nendaba. Phendula ngephuzu elilodwa. (1)

[17]

[35]

ISIQEPHU B

INOVELANA

UTHANDO UMANQOBA ......Maphili Shange

3 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.

"Yebo ngizoyithola," kuphendula uPhindile esegqoka esheshisa esaba ukubambezela lo bhuti onomusa kangaka bandla. Athi esethi undlala umbhede lapho eqeda ukugqoka, amhebeze uThulani.

"Yeka sisi, ukhona u-anti engimqashele ukwenza lokho. Uzofika emini."

Akhumbule u-R250 obusele uThulani, awukhiphe awunike uPhindile. Awuthathe uPhindile kodwa eshaywa amahloni ngenxa yalesi simanga sensizwa evele ikhokhele umuntu uR500 ngokuhlala nje ubusuku bonke bexoxa kungenzekanga lutho olunye.

"Hawu ngiyabonga bandla. Imali engaka ekubeni..." Amhebeze uThulani.

"Khululeka sisi, yimina engikhokhayo. Wena vala umlomo, siphume," kuhleka uThulani emdudulela emnyango. Baphume endlini, uThulani akhiye qede bahlabe ngamajubane baye lapho kupake khona imoto. Bangene phakathi ayishaye izule imoto isilibangise khona edolobheni.

"Uyazi uma usu-*late* ungathi i-*traffic* izwa wena nje ukuthi ujahile. Buka nje siyobe sifike nini kuField uma kuhambeka kancane kangaka?" kubalisa uThulani umbona nje ukuthi udiniwe yilezi zimoto eziningi ezimbambezelayo. Bancenge-ke nokho, baze bafike kuField Street lapho okufanele kwehle khona uPhindile.

Athi ukupaka kancane eceleni komgwaqo uThulani aphenduke esihlalweni sakhe abheke ngakuPhindile.

"Sisi, ngijabule kakhulu ukuhlala nawe ebusuku. Uma ungenankinga ngicela ukuphinda ngikubone futhi namuhla ntambama," kuncenga uThulani eze egebisa ikhanda.

"Nami ngiyabonga bandla. *Thanks for everything*. Hhayi, ngeke kube khona lutho oluyinkinga Thulani ngoba vele nami ayikho into engako engisuke ngiyenza, uma nje ungasho indawo nesikhathi esingahlangana kuyo ngikhululeki ngoba vele nami ngijabulile ukuhlala nawe," kuqeketha uPhindile emamatheka eyibukisisa le ncwasimende akhuluma nayo.

"Asihlangane eNando's lena elaphayana ngase-320 kuWest Street ngehora lesithupha ntambama. Ngizokulinda khona. Uma ubona imoto yami ungesabi uvele uqonde kuyona," kuchaza uThulani ejeqeza iwashi likanokusho esihlakaleni.

3.1 Ubani lo okhuluma noPhindile la? (1)

3.2 Bakuphi nalo muntu axoxa naye la uPhindile? (1)

3.3 UPhindile manje akasafani nalo muntu afike enguye lapha eThekwini. Kungani engasafani naye? Bhala OKUBILI okubalulekile. (2)

3.4 Yini emethusayo uPhindile ngalo bhuti anaye lapha kule ndawo. (2)

3.5 Ngalokhu osukufundile lapha kule ncwadi, ungathi isihloko sayo siyahambelana yini nayo? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (3)

3.6 Ngabe kuyiQINISO noma kuyiPHUTHA ukuthi ubuhlungu abuzwa ngokushonelwa abazali bakhe uPhindile bamfundisa ukuba nesibindi. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

3.7 UThulani naye umbona uPhindile engenasimilo futhi singekho isidingo sokuthi azibandakanye naye empilweni yakhe. Uthini umbono wakho? Bhala amaphuzu AMABILI ngalo mbandela. (2)

3.8 Umlobi isizinda usisebenzise ngendlela efanele yini mayelana nendawo okwenzeka kuyo indaba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.9 Abantu ahlala nabo uPhindile bakubuka kanjani loku kuthola kwakhe uThulani angabe esaqwayiza? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Ukusondelana kwakhe noPhindile uThulani kumdalele ziphi izinkinga? Bhala zibe ZIMBILI kuphela. (2)

3.11 Kuyiqiniso ukuthi uma usesimweni ayebhekene naso uPhindile abantu babanezinjongo zabo ngokukusiza kwabo. Beka umbono wakho ubhekise kubantu abasiza uPhindile eselishiyile ikhaya lakhe. Bhala amaphuzu AMATHATHU ngabantu abahlukene. (3)

3.12 Ikuphi okuyimbangela yodweshu olwamenza wazithola esekulesi simo akusona uPhindile. Bhala amaphuzu amathathu. (3)

3.13 Uma ucabanga yini le eyenza uThulani akhombise ukukuthokozela ukuba noPhindile angamthathisi okukamahosha? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.14 Bhala la magama alandelayo ngesiZulu esifanelekile.

3.14.1 usu-late (2)

3.14.2 i-traffic (2)

3.15 Yimiphi imikhuba ayengayenzi uPhindile afike wayifunda la ekubeni umahosha? Bhala ibe MIBILI. (2)

3.16 Uma ucabanga kungani uPhindile ekhululekile uma enoThulani.Bhala OKUBILI. (2)

[35]

ISAMBA 35+35 = [70]